# IziNtshumayelo zokuSebenzelana ekuZwaneni

Intshumayelo ngesonto elithiwa Okuli, ngomhla ka 11. 03. 2012
16/2012

**Egameni likaNkulunkulu onguYise, neNdodana, noMoya oNgcwele**.

1. Iculo 95/87

2. **Umkhuleko:** Nkulunkulu, Baba wethu osezulwini, siyabonga ngoba wasenzela sibe abakho ngokusizala kabusha embhapathizweni, sicela nanamuhla uMoya wakho oNgcwele ukuba akhulume nathi, athinte izinhliziyo zethu ngezwi lakho, ukuba sikholwe nguJesu Kristu uMsindisi wethu, sizinikele kuye ngokwethemba. Lokhu sicela egameni likaJesu Kristu iNkosi yethu. Amen.

3. Iphistola ngohlelo lwesibili lilotshiwe ku-2 kwabaseKorinte 4:6-10;
   Ivangeli ngohlelo lokuqala lilotshiwe kuMathewu 17:1-9.

4. Isivumo senkolo: Ngiyakholwa nguNkulunkulu uYise ...
5. Iculo 91/83
6. Umkhuleko wakhe ofundayo intshumayelo
7. **Iphistola** ngohlelo lwesine lilotshiwe

ku-1 Petru 1:13-23, lithi: “Ngalokho zibopheni izinkalo zengqondo yenu, nizithibe, nethembe ngokuphelelyo umusa enizakuwabelwa ekwambulweni kukaJesu Kristu. Njengabantwana abalalelayo ningalingisi izinkanuko zakuqala ekungazini kwenu, kodwa njengowanibizayo engcwele, manibe-ngcwele nani ekuhambeni konke, ngokuba kulotshiwe ukuthi: Manibe-ngcwele, ngokuba mina ngingcwele. Uma nimbiza ngokuthi Baba yena owahlulela yilowo nalowo ngokwemisebenzi yakhe engakhethi-buso, anohamba ngokwesaba esikhathini sokuhlala kwenu ebufokazini, nazi ukuthi anihlengwanga ekuhambeni kwenu okuyize enakunikezwa ngawoyihlo ngezinto ezibhubhayo, isiliva negolide, kodwa ngegazi elinqabileyo likaKristu kungathi elewundlu elingenacala, elingenabala; owaziwa phakade, izwe lingakasekelwa, kepha wabonakaliswa ngezikhathi zokugcina ngenxa yenu enikholwa nguNkulunkulu ngaye, owamvusa kwabafileyo nowamnika inkazimulo, ukuze ukukholwa kwenu kube-nethemba kuNkulunkulu. Senihlambululile imiphefumulo yenu ngokulalela iqiniso, nize nithande abazalwane ngokungazenzisi, thandanani ngokupheleleyo omunye nomunye ngenhliziyo, senizelwe kabusha kungengambewu ephelayo kodwa ngengapheliyo, ngezwi eliphilileyo nelimiyo likaNkulunkulu.” Amen.

**8. Intshumayelo:** Bathandekayo eNkosini yethu uJesu Kristu umuntu olimayo ngogandaganda ufanele ukubheka emuva ngesinye isikhathi, ngoba ugandaganda udonsa igeja. Lokhu kodwa akufani nomuntu olimayo ngezinkabi noma ngalomuntu okhulunywa ngaye uJesu emfanekisweni. Umuntu olimayo ngezinkabi akafaneli ukubheka emuva, ngoba ephethe igeja ezandleni zakhe, liphambi kwakhe, nezinkabi ziphambi kwakhe, konke okwenziwa ngaye kuphambi kwakhe. Indima yaleliviki ilizwi likaJesu Kristu elilotshiwe kuLuka esahlukweni sesishiyangalolunye, lendima ithi: "Akakho othi esebeke isandla sakhe egejeni, abuke emuva, ofanele umbuso kaNkulunkulu." Ngalelizwi uJesu Kristu uyafundisa abafundi bakhe ngokumlandela. Ukumlandela uJesu Kristu ekuphileni kwethu kuyafaniswa ngokubeka izandla egejeni. Lokhu kuyafuna amandla onke, inqondo yonke, inhliziyo yonke. Akusiyo into elula nje! Nomyalelo wokuqala uyasifundisa lokhu ngokuthi: "Woyithanda iNkosi uNkulunkulu wakho ngayo yonke inhliziyo yakho, nangawo wonke umphefumulo wakho, nangawo onke amandla akho, nangayo yonke ingqondo yakho." "Akakho othi esebeke isandla sakhe egejeni, abuke emuva, ofanele umbuso kaNkulunkulu." Lendima ithanda ukusiphelezela ngaleliviki ukuba sibone ubukhulu bokulandela uJesu Kristu, ikakhulu ngoba sisesikhathini sokukhumbula ukuhlupheka nokufa kwakhe, umsebenzi wakhe onzima wokusihlenga ekufeni okuphakade, nasemandleni kaSathane, nasemandleni esono. Ake simbheke yena ophambili onguJesu Kristu, singabheki emuva noma eceleni, ngokuba obheka emuva akafaneli umbuso kaNkulunkulu. Lelizwi liyasilahla, liyasikhombisa necala lethu, ngokuba kaningi sibheka emuva, kaningi sona, kaningi sidedela igeja lombuso wezulu. Izwi lentshumayelo lithi: "Manibe ngcwele, ngokuba mina ngingcwele."

Ake sibhekisise lelizwi lentshumayelo yanamuhla, abathile abaphakathi kwethu namuhla bayazi inxenye yalo, lamavesi amabili athi: "Asihlengwanga ngezinto ezibhubhayo, ngesiliva nangegolide, kodwa ngegazi elinqabileyo likaKristu". Bathandekayo lelizwi lisikhumbuza ngohlamvu lwesibili lokukholwa kwamaKristu lapha luthi: "UJesu Kristu ... uyiNkosi yami, ongisindisile mina engingumuntu olahlekileyo nolahliweyo, wangihlenga, wangizuza kuzo izono zonke, nakukho ukufa, nakuwo amandla kaSathane, kunge ngegolide nangesiliva, kodwa ngegazi lakhe elingcwele, elinenana

elikhulu, nangokuhlushwa nokufa kwakhe, engenacala: Ukuba ngibe-ngowakhe ..." Ngokwempela ngithanda ukuletha lonke loluhlamvu ukuba silukhumbule ngempela. Lelizwi lanamuhla liyasikhumbuza ukuthi singabakaKristu ngempela. Wasithenga ngegazi lakhe. Wasihlenga. Singabakhe. Singabakhe. Singabakhe ngempela. Umlingi uthanda kakhulu ukusilinga, uyathanda ukutshala ukungabaza ezinhliziyweni zethu, ngokuba uma sizibheka sibona ukona okuningi nokubi okuningi.

UPetru waloba kahle lencwadi yakhe. Esingenisweni salencwadi wathi: "Makabongwe uNkulunkulu uYise weNkosi yethu uJesu Kristu owabuye wasizala kabusha ngokwesihawu sakhe esikhulu ukuba sibe nethemba eliphilileyo ngokuvuka kukaJesu Kristu kwabafileyo, sibe nefa elingapheliyo, nelingesasisihla, nelingabuniyo eniligcinelwe ezulwini." Ukuphila kwethu kubekiwe esisekelweni esinguJesu Kristu ngombhapathizo wethu. Singabantwana, siyizindlalifa zakhe ngempela. Konke lokhu kwaqala mhla sabhapathizelwa ngamanzi nangoMoya oNgcwele. SingabakaKristu. Ukuphila kwethu kubekiwe ekuphileni kukaJesu Kristu. Ukufa kwethu kubekiwe ekufeni kukaJesu Kristu. Ukuvuka kwethu kubekiwe ekuvukeni kukaJesu Kristu. Konke kwakwenziwa embhapathizweni wethu. Ubuthina bubekiwe kuJesu Kristu uMsindisi wethu.

Sibekiwe esisekelweni esisha esinguJesu Kristu. Ngaye sitholile ukuphila okusha, lokhukuphila okusha kuyaphileka ekumlandeleni yena oyiNkosi yethu. Konke okunye akusebalulekile njengaye. Ukumlandela uJesu Kristu ngoba singabakhe kuyabusa, kuyaphatha ukuphila kwethu. "Akakho othi esebeke isandla sakhe egejeni, abuke emuva, ofanele umbuso kaNkulunkulu." Ake sikhumbule ukuthi thina esingamakholwa siyamlandela uJesu, uphambi kwethu, ake singabheki emuva, singabheki eceleni, kodwa simbhekisise yena oyiNkosi yethu. "Ngalokho zibopheni izinkalo zengqondo yenu, nizithibe, nethembe ngokupheleleyo umusa enizakuwabelwa ekwambulweni kukaJesu Kristu. Njengabantwana abalalelayo ningalingisi izinkanuko zakuqala ekungazini kwenu, kodwa njengowanibizayo engcwele, manibe ngcwele nani ekuhambeni konke, ngokuba kulotshiwe ukuthi: Manibe ngcwele, ngokuba mina ngingcwele." Singabantwana bakaNkulunkulu uyafuna ukuba simfuze, sibe njengaye, sibengcwele njengaye. Wasizala kabusha ukuba singene emdeneni wakhe, sibe ngabantwana bakhe, siyibo futhi. Ukuba abantwana bakaNkulunkulu akusiniki ilungelo lokudlala ngesono, kodwa kusikhipha khona. "Uma nimbiza ngokuthi Baba yena owahlulela yilowo nalowo ngokwemisebenzi yakhe engakhethi ubuso, anohamba ngokwesaba esikhathini sokuhlala kwenu ebufokazini." Ake sesabe izono, sizixwaye. UJesu Kristu wafa ngenxa yazo. Azisiyo into elula, ephathwa njengolutho nguNkulunkulu. Wabulala, wahlaba uJesu Kristu ngenxa yezono zethu. Ake sidabuke ngazo, sizivuma njalo ukuba azisule, azihlanze, azithethelele.

Leliqiniso liyasikhombisa necala lethu esinalo phambi kwakhe. Kaningi sibhekile emuva. Kaningi sonile kuye nakubo abantu abaphila eduze nathi. Izono zethu ziyasisabiza ngempela. Singabantwana bakaNkulunkulu ofuna ukuba siphile impilo engcwele, kodwa sona imihla ngamalanga, sikwenza okuningi okungafaneli abantwana bakhe, seqa imiyalelo yakhe. Sizoyaphi nezono zethu, sizophephelaphi. Ake singabaleki, singacashi, singathuli ngenxa yezono zethu, kodwa siphephele kuye uJesu Kristu iWundlu likaNkulunkulu elithwala izono zezwe, siya kuye sivume izono zethu. Kuye uJesu kukhona indawo yokuthethelela. Ayikho enye indawo yokusindiswa kuphela kuJesu Kristu.

Masimbonge uNkulunkulu ngoba wasenzela umhlatshelo ophelele, ongcwele ukuba sibe nokukholwa nokuthula, nokwethemba kuye. UJesu Kristu wasihlenga ngegazi lakhe, wasikhokhela lonke icala lezono zethu ukuba sibe nokuthula kuye uNkulunkulu. "Ngalokho zibopheni izinkalo zengqondo yenu, nizithibe, nethembe ngokupheleleyo umusa enizakuwabelwa ekwambulweni kukaJesu Kristu. Njengabantwana abalalelayo ningalingisi izinkanuko zakuqala ekungazini kwenu, kodwa njengowanibizayo engcwele, manibe ngcwele nani ekuhambeni konke, ngokuba kulotshiwe ukuthi: Manibe ngcwele, ngokuba mina ngingcwele." Ake singadlali ngezono, kodwa sibone ukuthwala okunzima kukaJesu Kristu, owathwala kanzima emzimbeni wakhe izono zethu.

Bathandekayo, bhekani ukuphila kwethu kusekeliwe phezu kukaJesu Kristu. UJesu Kristu wasisindisa ukuba sibe abangcwele bakaNkulunkulu, singene emndeneni wakhe, wasithethelela izono zethu, ukuba sibe abakhe. Ngenxa yalomsebenzi wakhe, ngenxa yokusihlenga ngegazi lakhe, ngenxa yikusisindisa masimbonge ngokuphila kwethu okuhle ngoba esisindisa, esithethelela, esithengile ngegazi lakhe elingcwele. Amen

9. **Umkhuleko:** Nkulunkulu ongcwele siphe njalonjalo uMoya wakho oNgcwele ukuba asibize ngezwi lakhe, asikhanyise, asingcwelise, asilondoloze ekukholweni okuyikho. Singabantwana bakho ngenxa kaJesu Kristu owasifela ukuba sibe abakho, siyibo futhi, uMoya wakho oNgcwele makasiqinise ukuba siphile njengabantwana bakho, sikufuze, sibe abangcwele ngempela. Amen. Umkhuleko weNkosi: Baba wethu osezulwini ...

10. Iculo 86/76

Ukuthula kukaNkulunkulu odlula ukuqonda konke makulondoloze izinhliziyo zethu nemicabango yethu kuKristu Jesu, iNkosi noMsindisi wethu. Amen.

Lentshumayelo ilotshiwe ngo-2011 ngu-P. C. Weber
Ukucindezelwa nokuthunywa kwezintshumayelo kuyasekelwa yinhlangano ethiwa: Lutheran Heritage Foundation.